transport

Department:
Transport
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



**Mnuz TW Mchunu**
UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali

# IBE NESASASA IMBIZO YAMATEKISI E-KZN



**KUQOPHEKE umlando kwaZulu-Natal ngesikhathi uHulumeni uhlele ishashalazi lokudingida ngezinselelo ezibhekene nemboni yamatekisi, iTaxi Indaba. UNdunankulu, uDkt Zweli Mkhize noNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumana koMphakathi, uMnuz Willies Mchunu bathathwe ngesikhathi kuvulwa le ngqungquthela ngokusemthethweni, e-Olive Convention Centre, eThekwini.**



**UMchunu noLeleti Khumalo ohlelweni lukaSukuma Sakhe**
Ikhasi 2



**Bekuyinjabulo yodwa uMchunu elethe intuthuko eJozini**
Ikhasi 4

**KwaZulu-Natali-sibambisene ukulwa nezingozi zomngwaqo, ubugebengu nokubulawa kwamaphoyisa**

# Kuhlanganiswa amasu okulwa nobugebengu emingceleni ye-KZN

IBUYISE ithemba ngokuqedwa kobugebengu obenzeka emingceleni ingqungquthela esanda usingathwa KwaZulu-Natal ngenhloso yokuthola amasu okulwa nobugebengu balolu hlobo.

Le ngqungquthela ebizwa nge-Provincial Cross-Border Crime Summit ibihanjelwe izithunywa eziqhamuka ezifundazweni ezingomakhelwane, i-Eastern Cape, i-Free State neMpumalanga.

Le ngqungquthela iphinde yahanjelwa nayizithunywa eziqhamuka emazweni angomakhelwane okuyi-Lesotho, iMozambique neSwaziland.

UHulumeni wesifundazwe ubuholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize noNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu. NoNgqongqoshe wezoLimo, ezeMvelo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya, uDkt Meshack Radebe.

Le ngqungquthela ibibanjwe ngaphansi kwesiqubulo esithi "Sigxilisa umnyakazo wabantu wokulwa nobugebengu kusetshenziswa imingcele yethu".




*Ibe yimpumelelo ingqungquthela ebibheka ubugebengu obenzeka emingceleni iCross Border Crime Summit ebibanjelwe eThekwini. Lapha isithunywa saseMozambique, uNgqongqoshe wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi, uMnuz willies mchunu noNdunankulu, uDkt Zweli Mkhize belalele ezinye zezethulo*

Le ngqungquthela ethathe izinsuku ezimbili ibibanjelwe e-Inkosi Albert Luthuli International Convention Centre, eThekwini.

Izithunywa eziqhamuka emazweni angomakhelwane zisishayele elikhulu ihlombe isinqumo sikahulumeni wesifundazwe sokubamba le ngqungquthela njengoba nazo ziveze ubumqoka bokubambisana ukuze kuqedwe ubugebengu obenzeka emingceleni.

UMkhize uthe, kumele kube khona ukusebenzisana phakathi kwamazwe angomakhelwane kanye nezifundazwe.

Ubuye wagqugquzela osomabhizinisi ukuba bangenelele ekulweni nobugebengu obenzeka emingceleni.

"Odokotela abangagunyaziwe balimaza isimo somnotho wakithi baphinde babeke izimpilo zabantu engcupheni. Ukuntshontshwa kwemfuyo okuyikona okubhekwe kakhulu kule ngqungquthela sikubone kuyinselelo ekhahlameza abantu bonke yingakho sithi kumele kubhekwe kakhulu. Njengohulumeni waKwaZulu-Natal kumele sakhe ubudlelwane nezifundazwe kanye namazwe angomakhelwane bethu," kusho uKhabazela.

Obemele uhulumeni waseSwazini, uMnuz Sabelo Hlophe, ukhale ngezindlela ezingagunyaziwe ezivulekile phakathi kweSwaziland neNingizimu-Afrika wathi ukushushumbiswa kwezimpahla nabantu kwenzeka kakhulu kuwo lo mngcele. Uphinde wathi insangu isona sidakamizwa esishushumbiswa kakhulu siphuma ezweni laseSwazini.

Owe-SAAB Technology uMnuz Johnny Chabalala, uthe ukuqinisweа komthetho emingceleni kudinga ukuhlanganyelwa yiwo wonke amazwe kanye nezifundazwe ezithintekayo ngoba ukusebenza ngokuhlukana kuletha inselelo.

UMchunu, uthe uhulumeni waKwaZulu- Natal kufanele usebenzele ekwakhiweni kwezindlela zokuxhumana nomakhelwane.

"Kumqoka ukuba siqinise ukusebenzisana emazweni angomakhelwane. Senza izincomo zokuthi uhulumeni wesifundazwe uqhubeke nokuqinisa ubudlelwane nezinhlelo zokulwa nobugebengu emingceleni. Siphinde savumelana ngokuthi sibheke namaqhinga okusebenzisa ubuchwepheshe besimanje ukuze silwisane nobugebengu emingceleni. Neqhaza lo mphakathi sibone ukuthi limqoka ngakho kumele igqugquzelwe ukuba iqhaza ekulweni nobugebengu," kusho uMchunu.

## Uphinde wahlabana owezokuThutha kumaKAMOSO Awards



*Uphinde wadla umhlanganiso umnyango wezokuThutha KwaZulu-Natali ophikweni lwe-EPWP ngokuthatha imiklomelo emibili kuma-KAMOSO Awards. Ukusukela kwesokunxele uMnuz Jeremy Cronin oyiPhini likaNgqongqoshe wezeMisebenzi yoMsphakathi , uMnuz S'duduzo Simalane uMqondisi kwi-EPWP Support KwaZul- Natal, uMnuz Xolani Xulu wakwa Public Works, Nksz Lulu Mdletshe iMenenja yakwa-EPWP eMnyangweni wezokuThutha no Nkk Thandeka Mbonambi iMenenja yakwa-Strategic Planning: Development. Esithombeni bemukela umklomelo wokuba yi-Best Province Award ku-EPWP.*

## Bekukuhle kuSukuma Sakhe eBergville



*UNgqongqoshe wezokuThutha,ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu*
*enomlingisi oqavile uLeleti Khumalo nenkosi yesizwe saseMagwaneni, uMuzi Hlongwane ngesikhathi kuqhutshwa umkhankaso kaSukuma Sakhe, eBergville.*
*Lapha bathathwe bemukelisa ngokudla emindenini eswele.*

# Ibeke isisekelo esimqoka sokuxazulula izinkinga zamatekisi iTaxi Indaba

KUVULEKE isahluko esisha ekuxazululeni izinkinga ezikhungethe imboni yamatekisi KwaZulu-Natal njengoba zonke izithunywa ebezihambele ingqungquthela iTaxi Indaba zivumelene ngokubambisana kuqedwe udlame kule mboni.

Le ngqungquthela ethathe usuku olulodwa ibise-Olive Convention Centre, eThekwini.

UHulumeni wesifundazwe uthathe isinqumo sokubamba le ngqungquthela ngemuva kokukhula kwezibalo zokubulawa kosomatekisi esifundazweni.

UNdunankulu wesifundazwe, uDkt Zweli Mkhize uvule le ngqungquthela ngamazwi akhayo egqugquzela abaholi bale mboni ukuthi babheke amanye amathuba angakwazi ukuthatha le mboni ayiyise phambili.

Le ngqungquthela yaba yisinqumo seKhabhinethi ngemuva kokuthi uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumana koMphakathi, uMnuz Willies Mchunu ethule umbiko mayelana nokungazinzi kahle kwale mboni.

Okuhlabe umxhwele ngale ngqungquthela wukuthi bekukhona zonke izinhlangano ezimele abamboni yamatekisi futhi zonke zenza izethulo ezakhayo ngokuqinisa uzinzo kuyona.

Phakathi kwezinhlangano ebezikhona kubalwa i-Santaco, Ubumbano, iKZN Taxi Alliance, iTransport Alliance




*Izihambeli zengqungquthela ye-Taxi Indaba ebise-Olive Convention Centre bezilalele izikhulumi ngesikhathi zethula inkulumo kule ngqungquthela. Le ngqungquthela bekuhloswe ngayo ukubhekana namasu okulwa nodlame embonini yamatekisi.*

i-Top Six, nezinye.

UMkhize uthe isikhathi sokulungisa izinkinga ngombhobho wesibhamu sesiphelile ngakho kumele kuxoxwe uma kukhona ukungaboni ngasolinye.

"Ithi ingaba nkulu ingabe isazekeka. Kuyinhlonipho ukuthi nize kulo mhlangano sizoxoxa. Ayikho into engenziwa wuHulumeni uma singabizani sihlangane sizoxoxa. Umnotho walesifundazwe angeke unyakaze uma singabambisani," kusho uMkhize

"NjengoHulumeni sikholelwa ukuthi angeke sikuqede ukuthi singahambisani ngemibono. Kodwa kufanele sihlale phansi sibonisane ngenhlonipho ngoba ukudluthulana kuyahlupha. Sesadlula kulokho. Kusiphazamisile ukubona ukuthi baningi abantu ababulewe kule mboni," kusho uMkhize.

UMkhize ubuye wagcizelela ukubaluleka komthetho nokuhlonishwa kwawo.

"Akekho usomatekisi noma umshayeli onelungelo lokwephula umthetho. Akekho umuntu okufanele aphathwe kabi ngoba sonke sinamalungelo. Kufanele ulazi ilungelo lakho kodwa awunalo ilungelo lokucindezela elomunye. Yingakho ke sizoxoxa namhlanje," kusho uMkhize.

UMchunu ubalule izinto ezimqoka ezizokwazi ukuqinisa ukusebenzisana phakathi kukahulumeni nabemboni yamatekisi. Phakathi kweezinto uMchunu aziphakamise njengeziya phambili, wukuthi kubanjwe izingqungquthela zalolu hlobo ezingeni lezifunda.

Ukucubungulwa kwemininingwane ukuze iqhathaniswe nekahulumeni neyabemboni ngabafake izicelo zokuthola izimvume zokusebenza (Operating Licenses).

UMchunu ubuye wezwakalisa ukuzibophezela kukahulumeni ekutheni kwenziwe ucwaningo ngemizila yale mboni nokuthi isayenza yini inzuzo.

Ubuye wagxeka kakhulu ukusetshenziswa kwezinkampani ezizimele zonogada kanye neziNkabi



*UMchunu ukhulima engqungqutheleni i-Taxi Indaba*

kule mboni.

"Wonke umuntu unalo ilungelo lokuzivikela nelokuvikela impahla yakhe kodwa akekho onelungelo lokudubula abanye ngoba ngenxa yokungaboni ngasolinye. Kumele ngabe imali eniyiqoqayo niyisebenzisela ukuzithuthukisa, hhayi ukwenza ezinye izinto eziwukuhlukumezana ninodwa. NjengoHulumeni sizimisele ukuthi sibambisane nani nonke ukuze sikwazi ukucaba indlela eya phambili nokubuyisa isithunzi sale mboni," kubeka uMacingwane.

UMchunu ubuye wenza ne-zoncomo zokuthi abe-National Prosecuting Authority kumele bagxile ekubhekeni futhi icwaninge ngamacala enzeka kule mboni.

UMnuz Mdu Xaba we-Santaco, ushayele uhulumeni ihlombe ngale ngqungquthela wathi ibe yimpumelelo futhi yayibeka indlela eya phambili ngekusasa lale mboni.



*UNgqongqoshe wezokuThutha,ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu edlana indlebe neMeya kamasipala wesifunda uMzinyathi, uMthethwa ngesikhathi kunomhlangano wokubhula umlilo eMahlaba, eMsinga kulandela ukubulawa kwamalungu eSikebhe*

# UMchunu usivikele isinqumo sikahulumeni sokubambisana nezinhlangano zomphakathi ezilwa nobugebengu

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu usephumele obala wasivikela isinqumo sikaHulumeni sokusebenzisana nezinhlangano zomphakathi ezizimele nezilwa nobugebengu.

UMchunu uveze lokhu ngemuva kokuhlangana nomphakathi waseMahlaba ePomeroy ngemuva kokubulawa kwamalungu ayisikhombisa enhlangano iSikebhe.

UMacingwane uthe njengohulumeni bayawuqguqguzela umphakathi ukuthi ubambe iqhaza ekulweni nobugebengu kodwa wathi abahambisani nokuthi kube khona abazithathela umthetho ngezandla.

" Kusuka phezulu kuMengameli, uNdunankulu nathi boNgqongqoshe sigqugquzela imiphakathi ukuthi isukume ibambe iqhaza ekulweni nobugebengu. Uma sifika emiphakathini kukhona izinhlangano zawo umphakathi ezabunjelwa ukulwa nobugebengu. Sabheka yonke imithetho ekhona sathola ukuthi akukho nokuncane okuphikisana nokuthi lezi zinhlangano zibe khona. Sazithola nokho izikhalazo ngokusebenza kwalezi zinhlangano nokuphula kwazo umthetho, zishaya futhi zilimaze abasolwa. Sabe sesihlangana nazo savumelana ngokuthi zizosebenza ngokulandela umthetho bese zisebenzisana namaphoyisa," kusho uMchunu.

Uthe lokhu kwaholela nasekutheni zonke izinhlangano zomphakathi ezilwa nobugebengu zibumbane ziqale inhlangano ezingeni lezifundazwe ebizwa ngokuthi i-Community Crime Fighting Association (CCPA).

Nezinhlelo zokuqeqesha abaholi balezi zinhlangano ukuze baqonde ngemigudu emisha okumele basebenze ngaphansi kwayo seziqalile.

Unxuse zonke lezi zinhlangano ukuthi uma kukhona lapho ziyosebenza khona noma lapho zazi khona abasolwa zihambe namaphoyisa ukuze kugwemeke isibhicongo esenzeke eMahlaba.

Ubuye wakugxeka ukuhlaselwa okulokhu kwenzeka esifundazweni njengoba naseMankwanyaneni, eShowe kwagasela abalisa bafike badubula abulala abantu abangu-7 emumelweni.

UMchunu uncome kakhulu amaphoyisa njengoba sekukhona abasolwa ababoshiwe kwezinye zalezi zigameko.

# Akukho emthethweni ukuthutha abafundi ngamaveni




*Ezinye zezikhulu zikahulumeni ebezihambele inkonzo yomngcwabo wezingane zesikole ezishone engozini yemoto endaweni yaseBulwer: nguNkosikazi Dlamini-Zuma onguNgqongqoshe wezaseKhaya, uSenzo Mchunu onguNgqongqoshe wezeMfundo, uThobeka Mabhija-Zuma ongumama wesizwe kanye neNhloko yoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal.*

*'Ukulahlekelwa ngabantwana abancane kangaka ezingozini akuchazeki futhi kuzwela kithina sonke. Kuyona yonke imindeni elahlekelwe sithi nilale ngenxeba,'- Mchunu.*

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumana koMphakathi KwaZulu-Natal, uMnuz Willies Mchunu uveze ukuthi bazothathelwa izinyathelo ezinqala labo abaqhubeka nokuthutha abafundi ngamaveni.

UMchunu uthe ukuthuthwa kwabafundi ngamaveni akukho emthethweni futhi ngeke kubekezelelwe.

Lokhu ukusho ngemuva kokuhlangana nemindeni yezingane ezingu-10 ezishone engozini yeveni emgwaqeni u-R612 ngaseBulwer.

UMchunu uveze ukuthi ngokubambisana noMnyango wezeMfundo esifundazweni kuzokwenziwa ucwaningo lokuthi yiziphi futhi zingaki izikole lapho abafundi besathuthwa khona ngamaveni.

"Lokhu kuzolekelela ekutheni lezo zikole sibone ukuthi zidinga kangakanani ukuhlinzekwa ngezithuthi bese abafundi bakhona sibabeka phezulu ohlelweni lokuhlinzeka abafundi ngezokuthutha i-Scholar Transport. Lokhu kokuthi abafundi bathuthwe ngamaveni akukho emthethweni futhi asikufuni. Zikhona ezinye izinhlobo zezithuthi ezingakwazi ukuthutha abafundi," kusho uMchunu.

Ubuye wenza nesibopho sokuthi uMnyango wakhe uzoqinisa kakhulu imikhankaso yokuhlola izimoto ezithutha abafundi ukuthi zisesimweni esifanele yini ukuba semgwaqeni.

Ubuye wezwakalisa amazwi enduduzo emindenini yabafundi abangu-7 baseMzinto abashone engozini yebhasi eyenzeke eNdwedwe.

"Ukulahlekelwa ngabantwana abancane kangaka ezingozini akuchazeki futhi ubuhlungu esibuzwa sonke. Kuyona yonke imindeni elahlekelwe sithi nilale ngenxeba,"' kusho uMchunu.

Ngjenyanga ezayo uMnyango wezokuThutha uzothula izinhlelo zokuqinisa ezokuphepha emgwaqeni uma sewethula imikhankaso yenyanga yezokuthutha u-October.

# Ifike kwezwakala intuthuko emphakathini ongaphansi kukamasipala waseJozini





*Kuqhume umkikizo ngesikhathi kutheleka uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnuz Willies Mchunu ezonikezela ngokusemthethweni emphakathini amabhuloho amabili abahamba ngezinyawo, elaseMunywana nelaseBhekabantu. Lapha uMchunu ubehambisana neMeya yaseJozini, uMnuz Bethwell Mthethwa, iNkosi yeSizwe saMathenjwa, uNkz Viora Doreen Mathenjwa behamba okokuqala kulabhuloho azoshintsha izimpilo zabantu.*